Isatshalaliswa mahhala e-Outer West Durban ngenhloso yokusondelisa ibhizinisi kanye nomphakathi ndawonye. Ishicilelwe iHammarsdale Cato Ridge Development Association NPC 2020/674596/08.

Hammarsdale Cato Ridge

# Sebenza

10'000 copies | Quarterly | Issue 1, 2021 | info@hcrda.org | www.hcrda.org

Hammarsdale Cato Ridge Development Association

September 2021

## IAssociation iqala impumelelo ye-Outer West

IZINKAMPANI ZASEHAMMARSDALE naseCato Ridge zihlanganele ndawonye ekwakheni i-Hammarsdale Cato Ridge Development Association (HCRDA).

IAssociation akuyona ikampani yenzuzo (Not for Profit Company NPC) futhi umbono wayo ukwenza indawo yaseOuter West ibe yindawo engcono yokusebenza nokuphila , ngaleyo ndlela ukusekela ukudlondlobala, ukuqashwa kanye noguquko.

Njengamanje I-HCRDA ekusebenzeni kwayo igxile kwezabasebenzi, imisebenzi, ingqalasizinda (infrastructure), ukuphepha kanye nemvelo. Igunya le-HCRDA lisuselwa kulwazi lokuthi izinkampani eziningi zinombono owodwa ngele ndawo, nangokusebenza kanye nabasebenzi, umphakathi, abalingani bakahulumeni kanye nabanye ababambe iqhaza ababalulekile, singathola izindlela ezisebenzayo ukufeza izinhloso ezifanayo.

Ngesimo sokuntuleka okukhulu kwemisebenzi, esikudingayo ukudala isimo esizinzile sokugcina nokukhulisa amabhizinisi akhona, ukuheha izinkampani eziningi endaweni ngaleyondlela ukudala amathuba emisebenzi amaningi.

### MAYELANA NESEBENZA

Izinkampani ezingamalungu e-HCRDA ziyakholelwa ekutheni kubalulekile ukugcina umphakathi usesimweni ngentuthuko njengoba kubonakala ukuthi ikusasa lethu linokuxhumana. IHammarsdale Cato Ridge Sebenza izophrintwa futhi isatshaliswe kabanzi njalo ezinyangeni ezintathu. Izotholakala futhi kuinthanethi www.hcrda.org/sebenza. Thola izindaba eziningi ekhasini lethu le-Facebook bese uthumela noma yiziphi izindaba noma imivu ***ku-info@hcrda.org.***



Amabhizinisi kanye nemisebenzi kwasha kwangqomgqa ngoJulayi.IHammarsdale kanye neCato Ridge kwashayeka kakhulu.

# MAKUNGAPHINDE KWENZEKE

Ukwebiwa emafemini esifundeni kwaqala ngeSonto 11 Julayi nokudale ubunzima obukhulu.

- Abantu abaningi balahlekelwa izimpilo zabo ngenxa yokuwelwa izimpahla phezu kwabo.
- Izinkampani kwafanele zivalwe ukuze zilungiswe futhi ezinye zazo azikwazi ukuholela abasebenzi.
- Imali ekwakumele iye kwezotshalomali (investment) kanye nokudala amathuba emsebenzi kudingeke ukuba izinkampani eziningi ziyisebenzisele ukwakha kabusha nokwenza ngcono ezokuphepha. Ezinye izinkampani zibambezelise ukutshalwa kwezimali kanye nokudala amathuba emsebenzi.
- Ukucekelwa phansi kwezitolo ezinkulu kanye nabathengisi kusho ukuthi abahlali bachitha imali enkulu kanye nesikhathi esiningi behamba beyothenga kude. EHammarsdale Junction Mall cishe bangu-2 000 abasebenzi abahleli emakhaya isikhathi esingaphezulu kwenyanga.

Ukulahleka kwamaholo kuhlawumbiselwa kwinani elinguR10 million, iningi lalo elizophindela emuva emnothweni wasekhaya.

Kuze kufikwe ekwebiweni lendawo ibijabulela intuthuko engakaze ibonwe, ukwandisa amathuba emisebenzi kanye nokuvusa intshisekelo enkulu kumaphrojekthi abeseza.

Abatshalizimali abangaba khona nezinkampani ezintsha kudingeki ukuthi baqinisekiswe ukuthi isgameko sangoJulayi ngeke siphinde aenzeke.

Thatha isibambiso kwi Facebook page leHCRDA ukuzibophezela ekwenzeni lendawo ibe yindawo engcono yokusebenza nokuhlala kuyo.

## Umndeni wase-Safal Steel ubambisanile

ISAFAL STEEL isisebenzele eCato Ridge kusukela iminyakeni ewu-12 futhi eyedlule ihlinzeka ngemisebenzi kubantu abangaphezu kuka-250.

Umakuqhathaniswa nelinye iqembu leSafal lakwamanye amazwe, iSouth Afrika iyona ikakhulukazi eshayeke kanzima i-Covid-19 kanye nemithetho kahulumeni yeLockdown ezama ukumisa ukubhebhetheka kwayo.

"Izinyanga eziningi kusuka ekuvaleleni okuphelele kuya ekuvulekeni ngezigaba kwabeka umndeni we-Safal Steel ezivivinyweni futhi ngamangala ngokuzidela okukhulu okwenziwe yibo bonke abasebenzi. Ngiyanibonga nina basebenzi be-Safal Steel futhi ngidlulisa ukubonga kwami kulo lonke iqembu," kusho yena

UWillem van Heerden, iNhloko Yebhizinisi. Ngokuhlelela okusheshayo nokuqinile namalungiselelo ezempilo nokuphepha asendaweni, iSafal Steel yayingenye yezinkampani zokuqala ukuvunyelwe ukuqala imisebenzi ngesikhathi seLevel 4, kanye nezinqubo-mgomo zayo zezempilo nezokuphepha zamukelwa kabanzi futhi zasetshenziswa Group businesses. ICovid-19 nayo ibe nomthelela omkhulu kuyo umnotho wasekhaya. Ukulahleka kwemisebenzi nokungavikeleki kokudla kuhlukumeze imiphakathi entulayo. Ngengciciyela yezinsiza, ISafal Steel igxile ekusizeni abasebenzi bayo, kanye nomphakathi wendawo.

Iphinde yanikela ngamaphakethe e-immune booster kubo bonke abasebenzi, bahlolwa mahhala behlolela i-Covid-19 njengoba kudingeka, futhi basiza nemindeni eswele ngamaphasela okudla.

Ngalesi sikhathi, konke okuncane bekubalulekile, futhi iSafal Steel ibambisene ndawonye njengoba noma yimuphi umndeni ungenza.

# U-Mr Price unyusa amakhono entsha

MR PRICE FOUNDATION yi-NPO esekelwa Mr. Price nezinye izinkampani ukunika amandla intsha ukuthi ifinyelela ngokugcwele la engaba khona ngemfundo nangokuthuthukiswa kwamakhono. LeFoundation isibandakanyeka eHammarsdale kusukela ngo-2017.

- Izikole zasenkulisa ezingama-31 zithola iEarly Childhood Developmen (ECD) ngokubambisana neThe Unlimited Child.
- **I-EduRise** isekela othishanhloko, abaphathi, othisha kanye nabafundi ezikoleni zamabanga aphansi ezingama-20.
- **I-JumpStart** iqeqesha intsha ukuthi isebenze kumaReatail. Intsha eqeqeshiwe ixhunyaniswa namathuba emisebenzi akumaRetail eMr Price Distribution (DC) nezindawo ezizungezile.
- LeFoundation ibambisane nomenzi eHammarsdale ukuthuthukisa intsha engasebenzi ukuze ibe ngonomamishini (machinist) abanamakhono amaningi.
- **I-HandPicked** fundisa amakhono ezolimo nawosomabhizinisi intsheni engasebenzi. Iphrojekthi isebenzela kwiziza ezingasetshenziswa zase-DC. Amanzi emvula avunwa esakhiweni futhi umkhiqizo uthengiselwe i-canteen yase-DC. I-canteen iphinde isetshenziselwa ukuqeqesha othisha kanye nabaphathi kwamanye amaphrojekthi.

IMr Price Foundation ibuye ihlinzeka ngamaphasela okudla kubasebenzi abaningi bezinkampani ezincane nabathengisi abasafufuza abathintekile ekuphangeni. ***www.mrpfoundation.org***



Lawa ngamalunga eAmagalelo Agri-business yaseGeorgedale akusayithi yabo yeHandPicked.

## UJob-seeker Support

ETHEKWINI UMASIPALA kanye I-HCRDA isekela ukukhishwa kwe Uhlelo lwe-SMRT.BIO. I-SMRT.BIO iwebhusayithi okuxhumanisa abafuna umsebenzi nabaqashi mahhala. Ukubhaliswa ku-www.smrt.bio / emadolobheni kuthatha imizuzu engaphansi kwe-10 nangaphezulu Bangu-2 000 abahlali basentshonalanga ababhalisile. UTakalani Ratiyaya, iPhini leNhloko Ukuthuthukiswa Kwezomnotho uthe: "Kuyabiza ukuthuthukisa ama-cvs, aprinte futhi awalethe. I-SMRT.BIO isusa izindleko futhi kulula ukuyisebenzisa. Sisekela noma ngubani, ikakhulukazi intsha engasebenzi, abesifazane, abakhubazekile kanye nama-veteran ezempi ukwenza i-cv I-SMRT.BIO. Izinkampani zizokhuthazwa ukusebenzisa uhlelo ukuqasha."

## IDirectory ye-SMME

I-HCRDA IHLANGANISA umkhombandlela wama-SMME wabantu abansundu base-Outer West. Lokhu kuzosiza amabhizinisi ukuthola ukuthi yimaphi Ama-SMME akhona nokuthi enzani. I-HCRDA ingafanisa amabhizinisi amakhulu ngama-SMME. Umnikazi webhizinisi wasendaweni, u-Anthony Mkhabela we-Erbenezer Business Enterprise, ubeke kanje:

"Ngizimiselei ekubambeni iqhaza. Bengikhathazekile ngokuthi kungani singenaso iStructure sokuthuthukisa nokunikeza amathuba kuma-SMME. Ungaqinisekiseka ngensekelo yami egcwele." IScott Bader, inkampani yamakhemikhali ezinze umhlaba ekhona nase-Hammarsdale iphinde ibe ilunga le-HCRDA liyayisekela usungulo lweDirectory. Ama-SMME angabhalisa ku-***www.hcrda.org/smme-directory***



Ukulahla kwadoti ngokungemthetho okwenzeka eHarrison Flats kwakunobungozi kubantu abadlulayo kanye nezinkomo ezidla utshani kulendawo.

# IMerlog isekela ukolondolozwa nokuphepha komphakathi

NGOKUNGAPHATHEKI KAHLEUKUBONA abantu behamba phakathi emahlathini, eHarrison Flats, yasendaweni ifemu i-Merlog kanye noMaspala we-Thekwini bahlanganyelile ekuvuseleleninokulondolozwa leyondawo.

"Sibonile ukuthi ipulazi laseRiet Vallei laliqhubeka ukusetshenziswa njengendawo yokulahla izibi futhi yayigcwele izitshalo ezingalungile. Izinkomo ezidla lapha nazo besisengozini ebangwa ilezibi futhi bekunzima ukuthola utshani ngenxa yesihlabathi esikhiwa ngokungekho emthethweni. Sihlanganyele ngempumelelo Kanye neThekwini Municipality Biodiversity Planning Unit, Cleaning and Solid Waste (CSW), Amaphoyisa aka- Metro namakhansela, ukuvuselela le ndawo," kusho uMalcolm UFuller, Umphathi Wokusebenza eMerlog. Ukulahlwa kwenkunkuma okungekho emthethweni kufanele kubikwe kule number yocingo 031 311 8804.

# Ababhaki be-DoMore bahlela ukukhuphukela phezulu

NGOKUBAMBISANA NABABAMBIQHAZA iDoMore Foundation ihole ukusebenzisana kweGreater Hammardale Community Development Initiative #DoMore4Hammarsdale.

Lokhu kuhlose ukunika amandla umphakathi futhi ubuyisele ithemba ngokuthuthukiswa kwamabhizinisi namaphrojekthi e-ECD ngaphakathi kwamaWard amahlanu. I-DoMore Bakery, evela kwi-Township Economy Programme, iyasebenza futhi iyasekelwa ngokwakhiwa kweakhiwo ezintsha. Ngenxa ye-AECI kanye ne-Anchor Yeast, indawo yokubhaka isiifakwe imishini yokubhaka esezingeni eliphezulu.

Ababhaki abancane baphinde bathole ukuqeqeshwa kwezobuchwepheshe nokwamabhizinisi okuxhaswe yi-AECI ukukhiqiza imikhiqizo. Manje osomabhizinisi bayaxhasa ngokunikela ezikhungwini ezingama-30 ze-ECD ngezinkwa esibhakiwe masonto onke.

U-Ackermans ube ngumlingani osemqoka ekusekela i-ECD eHammarsdale ngokunikeza izingane ukudla ezingaphezu kuka-30 000 izingane ezingama-30 Izikhungo ze-ECD njalo ngenyanga. Iphinde yanikela ngamathoyizi angama-30 wamaphazili, izincwadi ezinemibala, izinto zokubhala, izincwadi zezindaba nonodoli, kanye nezifonyo zezingane kanye nama-sanitizer amancane.

U-Ackermans avule kabusha izikhungo ezingama-65 ze-Hammarsdale ECD ngesikhathi sobhubhane befaka isandla ama-PPE starter kits (aqukethe izisebenzi zokuhlanza ezijulile, izibhamu zokushisa, amagilavu, insipho namabhakede). Lokhu bekuxhaswe ngomkhankaso wabo ongaphakathi.




Ibhikawozi yaka-DO MORE FOUNDATION ihambisa izinkwa ezikhungwini zaseECD eHammarsdale.

## IKerry Ingridients inikele ngamakhompyutha ayi-15

IKERRY INGRIDIENTS izwa ukuthi yomibili imitapo yolwazi yasendaweni intshontshelwe amakhompyutha abo amaningi, yangena futhi yanikela ngamakhompyutha ayi-15. Ezokuphepha kumtapo wezincwadi wase-Hammarsdale nase-Inchanga zithuthukisiwe, amakhompyutha avikeleke kangcono futhi kumakwe ukunciphisa ingozi yokwebiwa okwengeziwe. Njengoba kuhlange i-COVID-19, ukufinyelela ku-inthanethi nama-imeyili sekubaluleke kakhulu njengoba abantu bafuna imininingwane kanye amathuba omsebenzi. IKerry Ingridients, njengamanje etholakala ePinetown naseHillcrest, izobe iqala ukusebenza esikhungweni esisha sha eKeystone Park ngonyaka ka-2021.

## Inkampani iSwan Plasics ithuthukisa umphakathi

ISWAN PLASTICS inyuse ukusebenzwa kwayo ngokuphinde ivule enye indawo yokukhiqiza ngonyaka ka-2019 eCato Ridge. Ikhiqiza izifako zapulastiki kanye namapayipi ukwenzela ukweseka imboni yokwakha.

Selokhu yavulwa isiqashe abantu abangaphezu kwa-140 abaqashwe ngokugcwele. ISwan Plastic iphinde ibe insizakusebenza (outsource) ukugcinwa kwemikhiqizo yeqembu labantu besifazane baseBhobhonono. Ihambisa izingxenye zomkhiqizo kanye nezinto zokupakisha kula besifazane masonto onke. Lapho uqoqwe, imikhiqizo iqoqwa, Ikhokhelwe futhi yathathelwa indawo yi-batch elandelayo yemikhiqizo yokuhlangana nokupakisha.

UThulile Luthuli, omunye wabesifazane abasebenza kulo msebenzi, uthi: "Sijabule kakhulu ngaleli thuba. Abaningi bethu babengenamsebenzi isikhathi eside ngakho leli thuba liyisibusiso." I-Swan Plastics Ithemba ukuthi ukukhula kwezinhlelo zayo zebhizinisi ezinjengalokhu kuzokhula.



Kusukela kwesesinxele: uGraham Hood (Mr Price DC General Manager kanye neSafety Chairperson yaseHCRDA, uKapteni Ngubane, Hammarsdale, uKapteni Ngema (SAPS Inchanga), uRichard Shezi (Mr Price DC Head of People).

# Ukubambisana ngokuphepha kwendawo

I-HCRDA IHLANGANISE imihlangano neSouth African Police Services (SAPS), Durban Metro Police kanye nezinkampani zokuphepha ezizimele. Wonke umuntu uvumelene nokuthi ukuxhumana okwengeziwe kanye nengqalasizinda ethuthukisiwe iyadingeka ukuvimbela nokubamba izigebengu.

Indawo enethiwekhi ebanzi yekhamera iyafakwa. Usihlalo weSafty Work Stream, uGraham Hood, noGeneral Managr yaka-Mr Price Group Distribution uthe: "Ngenkathi sisasebenza kahle ndawonye esikhathini esedlule akukaze kube khona isidingo esikhulu skusebenzisana nabomthetho. Ukusebenza ngokubambisana iyona kuphela indle yokuvikela amabhizinisi, abasebenzi kanye nomphakathi obanzi futhi lokhu kwenza kube yindawo ephephe kakhulu. Lokhu kuzoheha amabhizinisi amaningi, kudale amathuba emisebenzi amaningi, kuthuthukise izimpilo zabahlali kuphinde kwehlise nobgebengu."

Bonke abahlali bayakhuthazeka ukuthi babike ubugebengu. Ngokubika ubugebengu iziteshi zasendaweni ze-SAPS zizonikezwa ngaphezulu izinsiza.

**SAPS Camperdown**
031 785 9009 noma 031 785 9019
**SAPS Mpumalanga**
031 771 8000 noma 031 771 8038
**SAPS Umsunduzi** 031 782 8952
**SAPS Hammarsdale** 031 736 1191
Lenamba yamahala ingasetshenziselwa ukushayela amaphoyisa ucingo ezweni lonke.



UKULETHWA KWENTUTHUKO ENGCONO: Njengona yonke intuthuko entsha endaweni iza nethemba lemisebenzi, kukhomba ukuthi eminye imisebenzi kamaspala awusayigcineke. Lokho kuthikabeza amabhizinisi kanye nomphakathi. Umaspala weTheku uyakuqonda loko futhi esebenzisana neHCRDA ukuze enze kangcono isimo samanzi, ugesi kanye neminye imisebenzi.

BAKERS S.A. Limited · build better with BIGBUILD · BLAZE · Buckman Chemistry, connected. · CATO PALLET (PTY) LTD · Cobro Concrete · C.R.E.C Cato Group · CRETEMIX Mixed Concrete · CRUSADER LOGISTICS · deratek packaging
DO MORE FOUNDATION · Fibertex Nonwovens · GEO plastic sales plumbing sales · G FORCE Employment Solutions · Global Safety Textiles · HAMMARSDALE INDUSTRIAL PARK · INNO TEXTILES · KERRY · LAD Security Services · MALDA PACK
mr price · Prefool Cold Storage · RCL Foods · Robertson and Poole Construction · RP Steel · SAFAL STEEL · SAPY · SCOTT BADER Making a positive difference · sequence logistics
SHARE-LIST PROPERTY · SRF · STIMELA Consulting · Swan Plastics · the document warehouse · UNITED · USE-IT · VALUE LOGISTICS